Unyaka ka-2010 uthanda ukwehluka ngezindlela eziningi okuzokwenza uqoshwe njengesahluko esibalulekile emlandweni waseNingizimu Afrika neAfrika yonkana. Lona ngunyaka esizobona ngawo kuqopheka umlando. Unyaka ozokwenza isizukulwane esizayo sikwazi ukubuka emuva, sicabange bese sithi, ngempela siwenzile owethu umsebenzi. Isizathu esisemqoka ngalokhu ngukuthi kulo nyaka, sizobona okokuqala izwe lase-Afrika lisingatha amazwe angu-32 azoqhudelana ngendebe enedumela kunazo zonke emhlabeni ebholeni lezinyawo – iFIFA World Cup – namehlo omhlaba wonke azobe ebheke thina eNingizimu Afrika

Lo nyaka futhi siwuthatha njengobaluleke kakhulu njengoba sigubha iminyaka engu-20 uMengameli wethu wokuqala uNelson Mandela aphuma ejele. Kwakuyiminyaka engu-20 edlule lapho kwavulwa ukhiye wokumkhulula ejele ukuba azokuba ngomunye wamadoda ahlonishwayo nomgququzeli woxolo owaziwayo emhlabeni.

Manje pho lokhu kusho ukuthini kumuntu nje ojwayelekile nakuthina njengezakhamuzi zesifundazwe? Kusho ukuthi, kumele sonke sibe nentshisekelo sibambisane – ngenhliziyo nangokwenza nangomphfumulo – ukwenza izwe lethu liphumelele uma sesamukela umhlaba ngeNdebe

yoMhlaba. Okubaluleke kakhulu, kumele sikhombise umhlaba ukuthi KwaZulu-Natal isifundazwe esiphumelelayo.

Enkulumweni yakhe ayethule esizweni uMhlonishwa uMengameli, uMnuz Jacob Zuma uthe: *“Ngenkathi lo Hulumeni ungena ehhovisi ngonyaka odlule, sizibophezele ukusebenza kanzima ukwakha izwe elithuthukayo. Sithe kuzoba uHulumeni ophendulayo izikhalo zabantu futhi konke kuzokwenzeka kangcono nangokushesha. Kulo nyaka ka-2010, kuzoba unyaka wokwenza izinto. Okubalulekile ngalo Hulumeni ukuthi uyazi lapho kuhlala khona abantu, uyaqonda izidingo zabo bese uphendula ngokushesha. uHulumeni kumele asebenze ngokushesha, kanzima nangendlela enobuhlakani”*.

Nathi sithi kuMengameli siyazibophezelela njengoNgqongqoshe walo Mnyango, abasebenzi kanye nesibambisene nabo ukuthi sizosebenza ngokushesha, kanzima nangendlela enobuhlakani. Sizokwenza lokhu Somlomo hhayi ngoba kuyinto esesitayeleni, kodwa ngoba siqonda kahle ukuthi ukubekezela kwabantu kukhona lapho kuphela khona.

Somlomo namaLungu aHloniphekile, sizokwenza lokhu ngoba abantu bethu basivotela basinika amandla okuthi senze lokho ngqo – ukusebenzela bona futhi egameni labo sibambisane nabo. Angeke sehluleke noma sihlehlele emuva. Umlando nesikhathi akusekho ohlangothini lwethu. Sizokwenza ngoba abantu bakithi bafanelwe uHulumeni osebenza kanzima nangobuhlakani. Ukunanela ikhwela likaMengameli, uNdunankulu oHloniphekile, uDkt Zweli Mkhize enkulumweni yakhe yesiFundazwe usigqugquzele sonke ukuba senze ngcono izinga lokuphatha ngendlela efanele nenokunakekela umphakathi.

UmHlonishwa uNdunankulu uqhube wathi, ngiyacaphuna: *“Kube nesidingo esiphuthumayo sokugwema ukusetshenziswa kwezimali ngokweqile kodwa kulandelwe izinhlelo zokuphathwa kwezimali ngobuhlakani”*. Somlomo, namaLungu aHloniphekile, uMnyango engiphathiswe wona uzosabela kuleli khwela. Khabazela! Ungasethemba kulokhu!

ISISEKELO SESABELOMALI

Kwabaningi kuthatheka ngokuthi inhloso yezinhlelo zokuthutha ngukwenza ngcono izindlela zokuhamba nje, ikakhulukazi izimoto, bese kunganakeki

okunye okuba nomthelela. Kodwa inhloso yangempela yezokuthutha ngukuba kufinyeleleke – emsebenzini, ezikoleni, ezibhedlela, nezinye izinsiza – futhi kunezindlela ezifakazela ukuthi kungenziwa ngcono ukufinyelela kulezi zindawo kube futhi kuncishiswa ukuphazamiseka kwezimo zemvelo nenhlalo, futhi kulawuleke isiminyamina sezimoto. Imiphakathi ephumelelayo ekwenzeni ngcono nokusimamisa ezokuthutha yenza lokho njengengxenywe yohlelo oludidiyele lokusimamisa nokuthuthukisa amadolobha.

Yiloku kuqonda kwethu izinto maLungu aHloniphekile okusinika isisekelo salesi Sabelomali esisethula ngokuzithoba namhlanje.

Ngesikhathi sihlela sibheka imisebenzi edinga ukubekwa eqhulwini eMnyangweni, senze isiqiniseko sokuthi sihambisana nezinhlelo ezingu-12 ezibekwe eqhulwini isifundazwe ezeseka ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, ezomnotho nenhlalakahle yabantu bakithi.

Lesi sabelo-mali, sizama ukwandisa uhlelo lwezokuthutha ngokubhekelela izimo ebezinganakiwe phambilini njengokwakhiwa kwezindlela zokuhamba ngezinyawo eceleni komgwaqo. Isabelo- mali siphinde sibhekelele ukwakhiwa kwengqalasizinda entsha kube kugcinwa leyo ekhona isesimweni kusetshenziswa yona le mali encane. Sizophinde sivale igebe phakathi kwabasemadolobheni nabasemakhaya. Lokhu kuzokwenzeka ngokuhambisana nohlelo oluseqhulwini kuHulumeni lokuthuthukisa izindawo zasemakhaya.

Lesi sabelo-mali, Somlomo namaLungu aHloniphekile senziwe ngaphansi kwengcindezi kumgcinimafa edalwe ukunqanyulwa kwezimali kwaphinde kwaba nenzikamnotho emhlabeni. Phezu kwalokho, uMnyango wezokuThutha awukwazi ukubalekela umsebenzi wawo.

Ngivumele Somlomo ngichaze neminingwane yalesi Sabelo-mali ngokwehlukana kwezinhlelo.

Imali eyabelwe unyaka wezimali ka-2010/2011 u-Vote 12 ingu- R5,6 billion (R5, 631, 057,000 billion). Lokhu kuhlanganisa isabelo sesifundazwe esingu-R3,7 billion (R3, 788, 610,000 billion) kanye noxhaso oluvela kuzwelonke olungu-R1,8 billion (R1,842,447,000 billion).

Yize isabelo-mali sinyukile kancane, empeleni kube nokwehla kwemali ngenxa yokuthathwa kuka-7,5% wempahla nezidingo ihlandla lokuqala ngokusebenza kwezimali ngokweqile ngo-2008/2009 okuwu- R185,666 million nokudalwe ukwenyuka kakhulu kwezimali zokwakha nokunakekela. Lokhu kwenzeka ngenxa yokwenyuka kwemali kawoyela, insimbi kanye nosimende.

Sihlalo, ngeshwa ukuhleshulwa kwesabelo-mali kuzoba nomthelela omkhulu ekubambezeneni izinhlelo ebezibhekwe ukuthi zizophothulwa ngonyaka wezimali ka-2010/2011. Lokhu kuzophinde kube nomthelela esikhathini ebesibekelwe ukwenziwa kwemisebenzi ngohlelo lwe-MTEF, manje osekuzodingeka ihoxiswe ngaphandle uma kutholakala enye imali kuMgcinimafa.

UKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA NOKUTHUTHUKISA INGQALASIZINDA

Imali eyabelwe ukuthuthukiswa kwengqalasizinda yomgwaqo u-R3, 72 billion. Lokhu kusho ukuthi umthamo omkhulu wesabelo-mali ubekelwe ukuthuthukiswa kwengqalasizinda. Ingqalasizinda phela iyona eletha amathuba okukhula kwezomnotho ibe igqugquzela ukuthuthuka kwemiphakathi nezokuvakasha.

Kule mali yengqalasizinda u-R1,9 billion ngowokwakha bese kuthi u-R1,6 billion kube ngowokugcina imigwaqo isesimweni. Imisebenzi yokwakha ihlanganisa imigwaqo yobhuqu emisha nokufakwa kwetiyela. Imisebenzi yokunakekelwakwemigwaqo ihlanganisa ukulungisa okwenziwangezikhathi zonyaka, ukufaka inkwali kabusha, ukuphesha izikhinsi etiyeleni nokunye ukunakekela okuyisipesheli okuhambisana nokuphepha.

Kodwa-ke, ukuphumelela kwalolu hlelo oludidiyele kulele ekwakhiweni kobambiswano neminye iminyango, omasipala kanye nemiphakathi. UMnyango, ngohlelo lokuxhumana nemiphakathi lwama-Rural Roads Transport Forums, uqinisekisa ukuthi kunokuxoxisana nokubambisana okwenele nokubandakanyeka kweziphathimandla ngokwepolitiki ekubhekeni imisebenzi okumele ibekwe phambili, ube uqinisekisa futhi ukuthi wenza umsebenzi othunye wona wokuqinisekisa uhlelo lwezokuthutha oluphephile nolufinyelela ngesikhathi kubantu.

Ukusebenza ngokubambisana, ngokusebenza neminye iminyango efana nowokuPhatha ngokuBambisana nezoMdabu; owezoLimo, ezeMvelo nokuThuthukiswa kwasemaKhaya; owezeMfundo, owezeMpilo nowokuThuthukiswa koMphakathi, ikona okuwukhiye wokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya uma kwenziwa izinhlelo zikaHulumeni wesifundazwe ukuze imiphakathi izuze ngezinsiza ezahlukeni ngesikhathi esisodwa.

uMnyango uzoqhubeka nezinhlelo zawo ezifana ne-ARRUP ukwenza ngcono ukufinyelela ezindaweni zasemakhaya nokwelekelela ezokuvakasha kube kwakhiwa imisebenzi namathuba emisebenzi esile ngokusebenzisa osonkontileka bakaVukuzakhe kanye nezinhlelo ze-EPWP.

Uhlelo lwe-ARRUP lunemigwaqo engu-15 ehlanganisa ngaphezulu kuka-500 km ngemali engaphezulu kuka-R3,7 billion. Kumanje uMnyango usuphothule u-255 km ngenani lika-R2,2 billion kwakheka imisebenzi yosuku engaphezulu kuka-3,600,000. UMnyango uyaziqhenya ngokubika ukuphothulwa kwemisebenzi emithathu u-P399 KwaVulindlela, u-P296/38 Osizweni kanye no-P235 KwaHlabisa kuya KwaNongoma.

Mama Somlomo, uMayango yzoqhubeka no-Operation Kushunquthuli umkhankaso obhekene ngqo nokufukulwa kwemiphakathi yasemakhaya ngokuthi ikwazi ukufinyelela ezikoleni, emitholampilo, ezikhungweni zomphakathi nasezindaweni ezinamathuba kwezolimo. UMnyango uzohlale

ugxile ekwakhiweni kwemigwaqo yasemakhaya ngohlelo lwe-Roads for Rural Development kanye nolokwakha amabhuloho ezinyawo.

UMnyango usuwakhe imigwaqo yasemakhaya engu-6,000km kanti kusenegebe lika-11,800 km osadinga ukwakhiwa. Emabhulohweni angu-474 abahamba ngezinyawo abedingeka, angu-38 asephothuliwe ngemali engu-R130 million.

UMnyango uzoqhubeka nokwakha imigwaqo ebekwe ezingeni likazwelonke esithi iRoads of National Importance efana no-P496 John Ross Highway, u-P318 Sani Pass kanye nemigwaqo eya King Shaka International Airport (KSIA), kodwa isikhathi sokuphuthulwa kwayo sizodlulela onyakeni wezimali ka-2011/2012. Ukwakha okuqhubekayo manje ku-R102 ukuze kufinyeleleke e-KSIA kuzophothulwa ngaphambi kokuqala kweNdebe yoMhlaba ka-2010.

Ingqinamba enkulu ebhekene noMnyango izikhukhula ezingapheli nezenzeka kungalindele muntu. Yize uMnyango wanikezwa isabelo esingu R617 million wokulungisa umonakalo, kusadingeka imali engu-R350 million ukuze kubuyiselwe isimo kwesifanele kweminye imiphakathi ogwini oluseningizimu. Izikhukhula zakamuva ngoNovember 2009 nangoJanuary 2010 ziphinde zadala omunye umonakalo olinganiselelwa ku-R245 million.

Ukuntuleka kwenkwali ngenye futhi inkinga esibhekene nayo. Lokhu kuholela ekwenyukeni kwezindleko zokuyithutha bese kwanda nezindleko zokulungisa imigwaqo yobhuqu. Okubuye kwenze kube nzima ngukungatholakali kalula kwemvume yokumba inkwali nezindleko ezihambisana namalungelo okumba njengokukhokhela abanikazi. UMnyango uthembele emakhosini neNgonyama Trust ukulekelela ukuze kufinyeleleke ezindaweni ezinenkwali.

Umthetho i-Municipality Property Rates Act ubalula ukuthi ama-rate kumele akhokhwe komasipala ukuze bakwazi ukuletha ingqalasisinda yabo

kuhlanganisa nemigwaqo. Lokhu kwenza uMnyango uthwale kanzima kwezezimali njengoba uthola ukuthi omasipala sebekhokhisa wona umnyango ngemigwaqo ehamba ezindaweni zabo yize leyo migwaqo isiza umphakathi ifukulenomnothokulowo masipala. Sesiyaluxoxa noMgcinimafa wesifundazwe lolu daba. Phezu kwalokho futhi sinxusa noNgqongqoshe wezokuPhatha ngokuBambisana nezoMdabu ukuba abambisane nathi ekubhekaneni nalesi simo okungenzeka sidinge izichibiyelo emthethweni noma okunye nje ukungenelela okufanele.

Ngenxa yalezi zingqinamba uMnyango uzibophezela ekwakheni lokhu okulandelayo ngonyaka wezimali ka-2010/2011:

- Ukufaka itiyela emigwaqeni yobhuqu engu-65 km
- Ukwakha imigwaqo yobhuqu emisha engu-350 km
- Ukwakha amabhuloho ezinyawo ayishumi

Ngenxa yokushoda kwezimali nokukhula kwesibalo sezimoto emigwaqeni, uhlelo lokulungisa imigwaqo okwenziwa ngezikhathi zonyaka lugcina lusilele emumva. Imigwaqo yethu inakala ngesivini esikhulu okwenza kudingeke izimali ezengeziwe ukuqinisekisa ukuthi imigwaqo yethu isesimweni esamukelekile ukunqanda izingozi ezingenzeka.

Imigwaqo yethu engaphezu kuka-70% isidlulelwe isikhathi eyayihlelwe ukuthi isihlale kanti uma inganakwanga ngokushesha izogcina isesimweni esibi kakhulu. Lokhu kuzofaka uHulumeni ezindlekweni eziphindwe ka-18 ngokuhamba kwesikhathi uma kungabhekelelwa ngokushesha ukwakhiwa kwalemigwaqo.

Lesi simo esibucayi, kuhlangene nomthamo ophezulu wezimoto, ukuthwala ngokweqile kwamaloli, ukungabi sesimweni kwamapayipi ahambisa amanzi kanye nezinga eliphezulu lemvula sekwandise izikhinsi eziningi emigwaqeni yethu kulesi siFundazwe.

UMnyango uthola imali engu-R1,6 million kuphela, esikhundleni sika-R3,2 million odingeka minyaka yonke okuyinto elingana no-50% kanti lokhu kwandisa igebe ngokukhulu ukushesha. Kudingeka okungenani kwengezwe ngo-R2 billion eminyakeni emithathu ezayo kuphinde kwengezwe ngomunye uR2 billion ukwenza ukusebenza komgwaqo kube sesimweni esifanele.

Njengamanje igebe phakathi kokwakha kanye nokunakekela kungu-55:45 kanti iqhinga elikhona manje ngelokuqinisekisa ukuthi ngesikhathi esibekelwe ukwenza imisebenzi i-MTEF kuzolinganiswa imali yokwakha nokunakekela imigwaqo. UMnyango ngeke ugudluke emgomweni wokwakha imigwaqo emisha njengoba uzohlale ugxile ekuthuthukisweni kwemigwaqo ezindaweni zasemakhaya.

Ukuvuselelwa nokwakhiwa kwemigwaqo esifundeni saseMzimkhulu ukuze ibe sezingeni elamukelekile njengeminye yesifundazwe kusaqhubeka ngemali elinganiselwa ku-R1,2 billion. Imibiko evela emiphakathini ithi bayagculiseka ngomsebenzi oqhubekayo kodwa bakhathazekile ngokuthi ngokwendlela imali ekhishwa ngayo kuzothatha cishe iminyaka engu 15 ukufeza umsebenzi.

Ngokubheka lezi zinselelo, uMnyango uzibophezele ekwakheni lokhu okulandelayo ngonyaka wezimali ka-2010/2011, ube uqhubeka nokusebenzisa osonkontileka abasafufusa:

- Ukufaka inkwali emigwaqeni yobhuqu ibanga elingu-850km
- Ukugugula ibanga elingu-100 000 km
- Ukuphesha umgwaqo wetiyela ibanga elingu-150,000 square meters.

EZOKUTHUTHA UMPHAKATHI NEZIMPAHLA

Mama Somlomo, imboni yamatekisi ihlale iseduze kwenhliziyo yethu njengohulumeni, ikakhulukazi njengoba kuyiyona eveza kangcono amathuba ookuthuthuka kwabamnyama kwezomnotho. Yingakho-ke ukuzinza kwesimo kule mboni kuhlale kusikhathaza. Lolu udaba oseludingidwa nasezingeni lohlakalwe-Justice Crime Prevention and Security Cluster (JCPS) ukuze kutholakale indlela edidiyele yokubhekana nodlame lwamatekisi. Uhlaka lwe-JCPS lujube ithimba eliyisipesheli elibhekene nezamatekisi elihlanganise i-SAPS, uMnyango wezokuThutha, abezobuhlanaki i-NIA, ezoBulungiswa, iNPA kanye noMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi umsebenzi wabo okungukubhekana nazo zonke izinhlobo zodlame kwezokuthutha nokubika kuNgqongqoshe ngaso sonke isikhathi. Nokho-ke, namhlanje maLungu aHloniphekile, siyaziqhenya ukumemezela ukuthi kuleNdlu ukuthi ngasekupheleni kuka-2009, imboni yamatekisi esifundazweni yenze ukhetho olube impumelelo, lapho kukhethwe ubuholi obusha ezigabeni ezintathu kusuka kososeshini, amakomiti ezifunda kanye nesigungu sesifundazwe. Iningi labo lihlanganye nathi namhlanje lapha phezulu. Lokhu kuyizinkomba zozinzo embonini njengoba ukhetho luhambe ngokuthula nakuba ukukhankasa bekushubile.

Phezu kwalokho, maLungu aHloniphekile, uNgqongqoshe nobuholi besifundazwe embonini yamatekisi bazibophezele ekusebenzeni ngokubambisana ukuqinisekisa ukuthi imboni yamatekisi iyaguquka esimweni ekuso esikhungethwe ukudideka nodlame ibe sesimweni esinokuthula nesihlelekile lapho abanikazi bamatekisi abasemthethweni bezokwazi ukuqhuba ibhizinisi labo ngendlela enenzuzo. Kulokhu, uNgqongqoshe nemboni yamatekisi benze isivumelwano lapho imboni izibophezele kule migomo elandelayo:

- Ukusebenza ngezithuthi zomphakathi eziphephile, ezithembekile, ezishibhile, ezifinyelela ngesikhathi esifanele nezikwazi ukongela abantu bonke.

- Ukubuyisela uMkhandlu endaweni yokuphatha ngokufanele futhi ukwazi ukuchaza ngezenzo zawo.
- Ukuba yisisekelo sako konke ukusebenza kwezithuthi zomphakathi esifundazweni, beholwa imigomo yobunye, ukuphepha, ukonga nezinhlelo zokuphatha ngendlela eculelekile.

Phezu kwalokho, uMnyango uyaziqaphela nezinye izinselelo ezibhekene nembali ekuqinisekiseni ukuthi kunokuphepha kwabanikazi, abashayeli, abagibeli nomphakathi jikelele. Yingakho uNgqongqoshe noMnyango bezibophezela ngokukhuthaza isiko lokuxoxisana kule mboni. Ukwesekela uguquko nentuthuko yembali yamatekisi esifundazweni, uMnyango uzofaka imali ebalelwa ku-R6.5m. Le mali izolawulwa uMnyango ngokulandela umthetho we-Public Finance Management Act (PMFA).

UKUTHUTHWA KOMPHAKATHI NGOKUDIDIYELE

NjengoMnyango kudingeka sibheke izindlela ezingcono zokuthutha umphakathi kakhulukazi leyo miphakathi ebinganakiwe phambilini. Ngokunjalo sisebenzisana nomasipala abehlukene ekusunguleni uhlelo oludidiyele i-Integrated Rapid Public Transport Networks ehlanganisa ne-Bus Rapid Transport kanye ne-Rail Rapid Transport System ukuze kugququzelwe uhlelo lokuthutha olungenazihibe.

Kuyasijabulisa ukusho ukuthi ukwakhiwa kwengqalasizinda yasoLundi eyi-Integrated Intermodal Public Transport Facility kuzoqala ngoMay 2010 nokuthi ukudwetshwa kohlelo lwesakhiwo saseMondlo sekusemugqeni. Uhlelo lwamakhompyutha emabhasini oluxhaswe ngo-R714 million lusalokhu luyinselelo endimeni yokuthuthwa komphakathi.

Njengengxenyeyokwakha uhlelo lwe-Integrated Public Transport Networks, uMnyango uzoqinisekisa ukusebenza okuyikho kwezithuthi zomphakathi nokuzoqinisekisa ukuthi zonke izinhlobo zezithuthi ziyasetshenziswa futhi zifaka nalabo ababencishwe amathuba phambilini.

UMnyango uzoqhubeka nokweseka ezokuthutha okungasebenzisi izimoto, esithi Non Motorized Transport, ukuqinisekisa ukuthi labo abahamba ngezinyawo nabahamba ngamabhayisikili bayabhekelelwa uma kwakhiwa imigwaqo ngokuthi bakhelwe izindlela eceleni kwemigwaqo. UMnyango usazibophezele ekusebenzeni kwezinhlelo zikaShova Kalula lapho kunikezelwa ngamabhayisikili ezikoleni. Izimo zokuphepha emigaqweni kanye nokunakekelwa kwalamabhayisikili kubhekelelwe ngendlela. Kumanje, uMnyango usunikezele ngamabhayisikili angu-3450. Kulo nyaka wezimali sizonikezela ngamabhayisikili angu-2050 ezikoleni, ngokusizwa uMnyango kaZwelonke.

UMnyango uzoqhubeka futhi ngokusebenzisana noSoseshini wabagibeli ukuqinisekisa ukuthi izwi labagibeli liyazwakala uma kwenziwa izinqumo noma izinhlelo ezibathintayo.

UMnyango ngokuxhumana nezikhulu ezibhekelele ukuhlela ususungule uhlakaolwaziwange-ProvincialPublicTransportOperationFrameworkkukuze njengesifundazwe sizilungiselele iNdebe yoMhlaba ka-2010. Ukuxhumana ngalolu hlaka nabemboni yamabhasi namatekisi kuzoqinisekisa ukusimama kwezokuthuthwa komphakathi nokuhlinzekwa kwezidingo okungenazihibe ngesikhathi seNdebe yoMhlaba.

Lokhu kuzolekelela ezokuthuthwa komphakathi ngaphakathi esifundazweni phakathi kwamadolobha angeke asingathe imidlalo nedolobha laseThekwini okuyilona elizosingatha le midlalo bese kusizakala nemiphakathi ezobe ihambela izindawo zomphakathi zokubuka ibhola ama-Public Viewing Areas esifundazweni sonke.

UKUPHEPHA EMGWAQENI YETHU

Mama Somlomo, ukuphepha kwabo bonke abasebenzisa umgwaqo kuhlale kuyinto esikhathaza kakhulu. Sesiwabona ukuthi uhulumeni kule minyaka edlule ungene kweminingi imikhankaso yezokuphepha, kodwa izingozi zomgwaqo nokufa kwabantu kulokhu kuqhubekile. UMnyango uhlela ukuthatha umkhankaso wokuphepha emgwaqeni uye kwelinye

izinga ngokuhlela umhlango wokucobelelana ngamasu. AmaLungu aleNdlu aHloniphekile nabo bonke esisebenzisana nabo bazothola ithuba lokuxoxisana nathi ngemibono yabo nezixazululo ezingasiza ukulwa nalezi zingozi. Ukucacisa ngobucayi besimo lapha maLungu aHloniphekile, ngokombiko owenziwe uMnyango wezokuThutha kazwelonke izingozi zomgwaqo zidle umnotho waseNingizimu Afrika isamba semali esingu-R581 billion phakathi kuka-1996 no-2006. Bangaphezu kuka-13 000 abantu abafa ezingozini zomgwaqo eNingizimu Afrika minyaka yonke. Ukushayela ngejubane eliphezulu, ukushayela uphuzile, ukungahloniphi imithetho yomgwaqo nezinga eliphezulu lezimoto ezingekho esimweni sokuba semgwaqeni kungezinye zezinto ezidala lezi zingozi.

Phezu kalokho, ngonyaka ka-2007/2008 izingozi ezadlula nemiphefumulo yabantu zadla isifundazwe imali engu-R2,406.28 billion kwathi ngonyaka ka-2008/2009 zadla u-R2,721.51 billion okusho ukwenyuka ngo-13.1% uma uqhathanisa nonyaka ka-2007/08. Ngonyaka odlule angu-15 034 amahora achithwa ngesikhathi kuhanjelwe izindawo zezingozi. Lesi sikhathi silingana nezinsuku ezingu-2147 ebezizosetshenziswa kwezokugcinwa komthetho emgwaqeni.

Yingakhokubalulekile ukuthi lelo nalelo lungu lomphakathi likuqonde ukuthi yize kungumthwalo kaHulumeni ukuhlinzeka ngolwazi lwezokuphepha emgwaqeni, lokhu kumele kube yinhlanganisela kaHulumeni, izikole zokushayela, imiphakathi nabantu abazoqinisekisa ukuthi izingozi zomgwaqo ziyanqandeka. Sonke kumele sikuqonde ukuthi izinga labantu abafa emigwaqeni yaseNingizimu Afrika alamukeleki neze nokuthi ukuhlukumezeka komqondo, ubuhlungu nokuchitheka kwemali ngenxa yezingozi kungehla uma kunokuzibophezela ekushintsheni ukucabanga kanye nendlela yokuziphatha.

Ezokugcinwa komthetho

MaLungu aHloniphekile, ngaphezulukokufundisangokuphepha emgwaqeni, ukubhekela ukugcinwa komthetho kubaluleke kakhulu ekuqiniseni

ukuphepha emigwaqeni yethu. Kulokhu-ke sizoqinisa uhlelo oludidiyele kwezokugcinwa komthetho nokubhekelela izinhlekelele ezingase zenzeke, ngesikhathi seNdebe yoMhlaba ka-2010 nangemuva kwayo. Umsebenzi wethu ukuqinisekisa ukuphepha kwabo bonke abasebenzisa umgwaqo sisebenzisa izinhlaka zokugcinwa komthetho silawule nokuhamba kwezimoto ngendlela edidiyele bonke ababambe iqhaza.

Ubuchwepheshe buya ngokuya buthuthuka busilekelela emsebenzini wokugcinwa komthetho. UMnyango uyaziqhenya manje ngohlelo lwamalayisensi olusebenza ngekhompyutha, umshini wokuhlola amabhuleki esithi i-mobile brake tester, imoto eyisanusi esithi i-automated number plate recognition kanye nezikhungo zokuhlola utshwala egazini ama-Acohol Evidence Centre esesiwavule eMgungundlovu naseMdloti. Sibonga abakwa-SAB ngokubambisana nathi ekuvuweni kwalezi zikhungo.

Emizamweni yokwenza ngcono umsebenzi ezikhungweni zethu zamalayisensi, uNgqongqoshe wezokuThutha kuzwelonke uyalele ukuba kwelulwe isikhathi sokusebenza sahlanganisa nezimpelasonto. Nokho, lokhu kuzoletha inselelo mayelana nezinsiza kanye nabasebenzi uma kugwenywa ingcindezi engase ibekhona.

MaLungu aHloniphekile, amaphoyisa ethu akwa-RTI asalokhu eqhubekile nokundizisa ifulegi laKwaZulu-Natal phezulu. Siyaziqhenya ngamagalelo akwa-RTI kulo nyaka wezimali odlule. Amanye ala magalelo kube ngesikhathi sama-Conference Awards, lapho isifundazwe ithathe imiklomelo emihlanu kuhlanganisa nowepхойisa lomgwaqo lonyaka; iRoad Traffic Inspectorate ingene endaweni yesihlanu e-Afrika yonkana ngokuba nomahamba nendlwana wokuhlola izincwadi zofundela ukushayela eKenya. Amaphoyisa omgwaqo asuka KwaZulu-Natal akwazile ukumela isifundazwe kwi-National Women in Law Enforcement Conference ebise-Midrand, lapho elinye lamaphoyisa ethu lenze isethulo. Siyawubonga umsebenzi omuhle owenziwa amaphoyisa.

IZITHUTHI ZEMPAHLA

MaLungu aHloniphekile, uMnyango ubheke ngeso elibanzi imboni yokuthuthwa kwempahla nakuba ukusebenza kwayo kwenganyelwe ezingeni likazwelonke. Kulokhu, mangithathe leli thuba ngincome imboni kamoba nabathuthi bawo abasebenzisana noMnyango ekukaleni amaloli abo. Benza isiqiniseko sokuthi izikali zabo zihambisana nezimiso zethu, okuyisizathu esenza izimoto zabo zihambisane nemithetho yomgwaqo elawula ukuthwala ngokweqile. Ngizothanda ukunxusa nezinye izimboni ezifana nezamalahlle, izingodo, njll, njll ukuba babukele kubona.

UKUSUNGULWA KWEMISEBENZI NOKULWA NENDLALA

Ukuphendula ikhwela elahlatshwe uHulumeni ukuba kuliwe nokuntuleka kwemisebenzi, iKwaZulu-Natal iyaqhubeka nokudala amathuba emisebenzi ngohlelo lwe-Expanded Public Work Programme.

I-EPWP iyasiphoqa ukuba sitshale imali kwingqala-sizinda yomphakathi ngendlela ezobhekana ngqo nezimo ezinzima zokuntuleka kwentuthuko nobubha obudla lubi. Ukubhekana nale nselelo nokuzama ukwehlisa izinga lokuntuleka kwemisebenzi ngohhafu ngo-2014, uHulumeni wesifundazwe ususayine isivumelwano noMnyango kaZwelonke wezeMisebenzi yoMphakathi sokuzibophezela ukudala amathuba emisebenzi ye-EPWP angu-4,5 million eminyakeni emihlanu.

Kuyintokozo ukumemezela ukuthi u-30.2% (145,013) wamathuba emisebenzi amenyezelwe, okuhlanganisa noqeqesho ngaphansi kwe-EPWP noZibambele, amenyezelwe uMongameli enkulumweni yesizwe adaleke KwaZulu-Natal. Iningi lawo aqhamuka emkhakheni wengqala-sizinda.

Ifulegi laKwaZulu-Natal liphinde landizela phezulu futhi kuma-Kamoso Awards ahlelwa uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi kuzwelonke.

IKwaZulu-Natal isidle umhlanganiso kule minyaka emibili edlule ngokuhamba phambili ekuvezeni imiphumela ebonakalayo ezweni.

UZIBAMBELE

UMnyango ubambe iqhaza ekusungulweni kwamathuba emisebenzi ikakhulukazi entsheni nakubantu besifazane yize isimo somnotho besingahambi kahle. Uhlelo lukaZibambele lusalokhu luhamba phambili ekulweni nobubha. Njengamanje, sesifinyelele esibalweni sosonkontileka esazibekela sona sika-40 000 nemali engu-R1,0 billion esitshalwe kulolu hlelo. UMnyango uzobuye uqashe abanye osonkontileka abangu-500 ngonyaka wezimali ka-2010/2011 okuzokwandisa isibalo sifinyelele ku-40 500. Labo sonkontileka sebekwaze ukonga imali engu-R12,015,000 ngokuhlanganyela kuma-saving club abo.

Emizamweni yethu yokukhuthaza ukuzimela kwezomnotho kosonkontileka, siyabalekelela njengoba besungula imifelandawonye okumanje isingu-13 esisunguliwe. Sesinokusebenzisana neminyango owezoLimo, ezeMvelo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya kanye nowezokuThuthukiswa koMnotho ukunikeza ukweseka osonkontileka bethu.

Imali ebekwe uMnyango ukubhekela uhlelo lukaZibambele ingu-R4,6 million.

UVUKUZAKHE

Njengohlelo oluxbhekelele ukufukula abamnyama kwezomnotho i-Broad Based Black Economic Empowerment, uhlelo losonkontileka abasafufusa uVukuzakhe, lwasungulelwa ukuhlinzeka ngamathuba lubuye futhi ludlulisele amakhono ikakhulukazi kuleyo miphakathi eyayincishwe amathuba phambilini, luqinisekise ukuthi abantu abaningi abamnyama bayangena emnothweni wezwe ngokuthi baphathe amabhizinisi kwezokwakhiwa kwemigwaqo. Izibalo zakamuva nje zikhomba ukuthi

abangu-3,155 osonkontileka bakaVukuzakhe ababhaliswe ngaphansi kwe-CIDB okulingana no-42% wenani losonkontileka KwaZulu-Natali.

Lokhu kuhlangukisa abantu besifazane, intsha nabakhubazekile abangu-24%, u-24% no-2% ngokulandelana. Laba ngosonkontileka abasesigabeni kusuka ku-Grade 2 kuya ku-6.

Ukuhlangabezana nezidingo ze-CIDB, osonkontileka bakaVukuzakhe banikwa imisebenzi kuze kufike kule mali:

Grade 1 = R200 000;

Grade 2 = R500 000;

Grade 3 = R1.5 million;

Grade 4 = R3 million;

Grade 5 = R5 million

Grade 6 = R10 million.

Lolu hlelo luzoqhubeka nokulwa impi yobubha nokwentuleka kwemisebenzi okuzobamba iqhaza elikhulu ekugququzeleni intuthuko yezindawo zasemakhaya.

Okubhewe kakhulu kulo nyaka wezimali ka-2010/2011 ngukulungiselela osonkontileka uma sekusetshenziswa ngokuphelele uhlelo lwe-BBBEE nokwesekwa kwe-PPPFA. Osonkontileka bazothola ukwesekwa ukuqinisekisa ukuthi uma sekufike isikhathi sokubahlola bese bethola amaphuzu aphezulu kulokhu. UMyango uzolekelela osonkontileka ngokukhuthaza ukubambisana nezinkampani ezizimele esithi i-Public Private Partnership lapho osonkontileka bengahlwaya khona imisebenzi ngaphandle koMyango. Inhloso yethu ngukuthi usizo esilunika osonkontileka lube sezingeni elizobenza bagcine bengasathembele kulolu hlobo losizo kodwa bakwazi nokuzimela isikhathi eside.

UKUTHUTHUKISWA KWAMAKHONO NABANTU

MaLungu aHloniphekile, into ewukhiye empumelelweni eqhubekayo ukwandiswa kolwazi namakhono ezindaweni esisebenza kuzona. UMnyango uyazi ukuthi kusenegebe phakathi kokukhula njengesizwe namakhono akhona. Kungenxa yalokhu sinqume ukugxila ekuthuthukisweni kwamakhono nokusebenzisa amasu okugcina labo basebenzi abakhona ukuze babeke uHulumeni endaweni engcono yokufeza umgono wawo. Sesiqhamuke nenqubomgomo yokugcina abasebenzi, ikakhulukazi abanamakhono ezobuchwepheshe. Lokhu kuzohlenganisa ukusebenza kwe-Occupation Specific Dispensation for Engineers and Technicians.

Sizoqhubeka nohlelo lwethu lwemifundaze kulabo bafundi abenza izifundo zobunjiniyela nokumanje sekunabafundi abangu-21 asebeqede izifundo zabo ezikhungweni zemfundo ephakeme emkhakheni wezobunjiniyela ukusukela ngo-2007. Ngaphandle kokuba negalelo eMnyangweni wezokuThutha ngamakhono abawaletha ngokuphoqwa izivumelwano noMnyango bazobuye bandise isibalo sonjiniyela kuleli lizwe. Njengamanje bangu-196 abafundi abenza izifundo zabo zobunjiniyela nezobuchwepheshe okudla isamba semali yoMnyango engu-R10 million ngonyaka wezimali.

Ohlelweni lwemfundo yabadala i-Basic Education and Training sizoqhubeka nokunikeza abasebenzi bethu ithuba lokuthola imfundo eyisisekelo, hhayi nje ngokuhlonipha umthetho obekiwe kuphela kodwa okubaluleke kakhulu ukusiza ukwakha isisekelo sezomnotho esifundazweni.

UMnyangowezokuThuthaKwaZulu-Nataluyaziqhenyangegxathuolithathile ukukhuthaza indlela yokuphila enempilo esifundazweni saKwaZulu-Natal. UMnyango njengamanje unohlelo olwenzayo lwe-Extensive Employee Wellness Programme kubona bonke abasebenzi bawo.

UMnyango uzama ukuqinisekisa ukuthi abasebenzi bawo baveza isithombe sabantu besifundazwe saKwaZulu-Natal abanamagalelo emnothweni.

Ngokwesinqumo seKhabinethi, uMnyango udinga ukuba nesibalo sabantu besifazane abangu-50% abasezikhundleni eziphezulu ngo-31 Mashi 2010. UMnyango usemgqeni njengoba izibalo zikhomba ukuthi abesifazane ezikhundleni eziphezulu sebengu-47%.

Ezabasebenzi

MaLungu aHloniphekile, akuyona imfihlo ukuthi uMnyango ubhekene nezindaba ezithile ezithinta abasebenzi. Ngithanda ukuqinisekisa leNdlu ukuthi kunezinhlelo ezikhona zokubhekana nalezi zindaba kuze zifike esiphethweni. Sithanda ukubonakala njengesakhiwo esinozinzo esibhekene ngqo nokulethwa kwezidingo kubantu bonke naKwaZulu-Natal.

ISIPHETHO

Uma sengiphetha Mama Somlomo, ngivumele ngibonge iqembu engingaphansi kwalo, i-African National Congress ngokunginikeza uhlo lwezepolitikinezikhundlazokwenza umsebenzikuleminnyaka engamashumi amahlanu eyedlule. KumHlonishwa uNdunankulu, umfowethu ne-comrade lami uDkt Zweli Mkhize, ngiyabonga ngokungithemba kwakho okukhombise ngokungiqoka ukuthi nginike uhlo kulo Mnyango obucayi kangaka wezokuThutha. Ngibonga abebewuphetha ngaphambi kwami ngokusakhela isisekelo kulo Mnyango. Ikomidi lezokuThutha, esisebenzisana nabo, izimenenja nabasebenzi boMnyango nabeHhovisi likaNgqongqoshe ngiyabonga. Okokugcina ngibonga umndeni wami ngokungiseka kwawo. Ngivumeleni ngethule iSabelo-mali soMnyango wezokuThutha uVoti 12: esingu-R5, 631, 057,000 ozokwabiwa kanje:

Ezokuphatha	R428,155,000
Ingqala-sizinda yomgwaqo	R3,700,348,000
Ezokuthutha umphakathi nempahla	R814,202,000
Ezokulawula emgwaqeni	R581,725,000
Izinhlelo ezibhekene nomphakathi	R106,627,000

Malunga ahloniphekile, ku2010 sigubha iminyaka engu-50 iNkosi Albert Luthuli yaba ngowokuqala onsundu ukuthola indondo yoxolo. Ngibona kufanele ukuthi ngivale lenkulumo ngamazwi aleliqhawe lomzabalazo.

*“Ngeke sithole iNingizimu Afrika entsha ngosuku, kodwa
singaqala ukuyakha.... Umzabalazo uyaqhubeka –
umzabalazo wokwakha amathuba okuqala ukwakha.
Umzabalazo uyaqhubeka”.*

Ngiyabonga.

Notes

B
U
D
G
E
T

S
P
E
E
C
H

2
0
1
0
-
2
0
1
1

Notes

Notes

B
U
D
G
E
T

S
P
E
E
C
H

2
0
1
0
-
2
0
1
1

Compiled by:

Office of the MEC: Transport, Community Safety & Liaison

Physical Address:

172 Burger Street
Pietermaritzburg 3201

Postal Address:

Private Bag X9043
Pietermaritzburg 3200

For more copies contact the Library:

Tel.: (033) 355 8694

Fax.: (033) 355 8092

www.kzntransport.gov.za



DEPARTMENT OF
COMMUNITY SAFETY AND LIAISON
KWAZULU-NATAL

Budget Speech 2010 - 2011

Compiled by:

Office of the MEC: Transport, Community Safety & Liaison

Physical Address:

172 Burger Street
Pietermaritzburg 3201

Postal Address:

Private Bag X9043
Pietermaritzburg 3200

For more copies contact the Library:

Tel.: (033) 355 8694
Fax.: (033) 355 8092
www.kzntransport.gov.za

KwaZulu-Natal Legislature - April 2010

'Build a United Front Against Crime'



Budget Speech

2010 - 2011